izindaba

# 'Ezemidlalo zehlise ukukhulelwa kubafundi'

CELANI SIKHAKHANE

UKUTHUTHUKISWA kwezinga lezemidlalo ezikoleni ezidonsa kanzima eMtubatuba, enyakatho yeKZN, kulehlisile izinga lokukhulelwa kwababafundi ezikoleni zakule ndawo.

Lokhu kuyezwe nguMnuz Michael Bennish umqondisi wenhlangano yezempilo ezimele, iMpilonhle, ezinze eMtubatuba.

Izolo kule ndawo kuvakashe isihlabani sebhola uLucas "Rhoo" Radebe obezoqwashisa abafundi bakule ndawo ngemidlalo yeNdebe yoMhlaba yangonyaka ozayo kuleli.

UBennish uthe kumanje isibalo sikhomba ukuthi kubafundi abangu-10 000 bangu-15 nje kuphela abakhulelwayo, nokuyisibalo esiletha ithemba kuleya ndawo esahlaselwe ngububha nezinga eliphezulu labantu abangasebenzi.

Uthe ukuqala kwabo umkhankaso wokuhambela izikole eminyakeni cishe emihlanu edlule kube nomthelela wokuthi isibalo sokukhulelwa kwabafundi nalabo abangenwa yigciwane lengculazi sehle kakhulu.



UMDLALI webhola likanobhutshuzwayo ofunda uGrade 12 eSilethukukhanya High, eMtabatuba, uThabsile Mcambi, odlala eqenjini lalesi sikole, ubeligenda ibhola ukubonisa uLucas Radebe ukuthi usengaba ngumdlali weBanyana Banyana

Izithombe: ENOS MHLONGO

Ekhuluma nabezindaba uthe indawo yaseMtubatuba, ikakhulukazi esigodini saseDukuduku, ibinenqwaba yabantu abangasebenzi nokwenza babe baningi abafundi abadonsa kanzima.

"Ngenxa yalesi simo sihlangane nezinhlangano zamazwe aphesheya kanye nosaziwayo ukuze banikele kulezi zikole. U-Oprah Winfrey no-Charlize Theron bangabanye ababambe iqhaza ekuthuthukiseni izikole zaseMkhanyakude njengoba sebekhiphe ngisho imali yokuba kwakhiwe izinkundla zemidlalo," kusho uBennish.

Uthe kumanje iqembu lebhola lase-England, iChelsea, likhiphe imali okuzokwakhiwa ngayo izinkundla eziyisithupha kule ndawo.

UBennish uthe lezi zinkundla ngeke zisize izikole kuphela kodwa nomphakathi uzovunyelwa ukudlala kuzo kanti zizofakwa nogesi ozokwenza ukuba kudlaleke nasebusuku.

UNkk Dudu Kunene, ofundisa izingane ngezempilo ophuma kule nhlangano, uthe baningi nabafundi asebezibophezele ukuhlolela igciwane ngenxa yemikhankaso abayenza ezikoleni.



KUQHILIKE izihlathi kwaba nokumamathe ka ngesikhathi uZanele Msibi, Nolwazi Ncwane nothisha wabo, uPenny Nxumalo, behlangana noLucas Radebe